Ilanga lase Natal, 9 January 1920.

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ilanga lase Natal* |
| DATE: | 9 January 1920, p3. |

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

# Impendulo kuR. M. Siboto

Ku Mhleli We Langa

Mngane, - Epepeni lako likaDec 12 1919, ngibone amazwi kaMr R. M. Siboto waseKipi, ecela ukwazi kimi nakwabanye ngalaba ababizwa ngokuti amaHlubi, amaNdebele, Iziyendane, uZulu noMtetwa. Kepa ngingetsho ukuti ngiyisazi esikulu ngalaba bantu ukupela ngizakuzama ukumlandisa engikwaziyo ngalabo engibaqondayo.

Abakwa Mutimkulu laba ngamaHlubi, ukoko wabo, kusuka kuye uHlubi uqobo, kuhambe njalo kuze kuye kufike kuNsele owazala uMashiya, ati uMashiya azale uBhungane, yena ke azale uMutimkulu onguyise kaLangalibalele. Woqonda kahle ukuti uMutimkulu lo ozala uLangalibalele waqanjwa ngomunye ongukoko wake wasendulo, kungaloko akusiye uMutimkulu ozala uLangalibalele yedwa emaHlutshini, nesibongo sawo amaHlubi sitsho njalo siti ‘Mutimkulu’. Sinye isibongo esingesiye umuntu sokuti ‘Radebe’ okwati ngokuhlonitshwa kwebizo lenkosi ukuti ‘Mutimkulu’, abahlonipayo bati Radebe endaweni yokuthi Mutimkulu. Loku kokuti amaHlubi kudala, uyena gogo walaba bakwaMutimkulu. Loku kwokuti ‘Iziyendane, kwaqanjwa nguTshaka, ngoba amaHlubi abengenazo izicoco, enezinwele ezinde eziyimiyeko, wawa biza wati iziyendane, ekomba zona izinwele ezinde lezo, exubene namaXaba namaKeswa nezinye izizwe ezipansi kwawo.

Laba okutiwa kubo ‘Zulu’ bazalwa nguMalandela owazala uQwabe noZulu, ukoko wabo nguMnguni, owazala amaXosa noQwabe noZulu namaCunu namaKanyile namaNdhlovu. Nanko ke amaXosa esuka kuqala eqonda entshonalanga kwelaseKoloni, lapafika aka kona. Bate sebefika laba asebexotshwa nguTshaka abe esebabiza ngokuti AmaMfengu andhlebe zimaholoholo atsho izindhlebe lezi ezinezimbobo ezikanya ngalapaya.

Kusuka kuMalandela, amaXosa esehambile aya eKoloni, kwasala kwaqamuka umbango omkulu pakati kwamadodana kaMalandela. Kwalwa impi enkulu uba kuvele uTshaka. Inkosi enkulu yamaCunu yabanga noTshaka wayinqoba. Inkos’enkulu yakwaQwabe, uPakatwayo kaKondhlo naye wabanga noTshaka, wanqotshwa. Zati zonke lezi zizwe ezicitwe kwaZulu nguTshaka zemuka zaya kukonza ezizweni ezingasentshonalanga. Zafika sekwake izizwe zabeSutu. Bafika bazibiza ngokuti amaNdebele, oku ukuti ngenkulumo yakubo abangabhinci, abahambaze, ngoba pela abeSutu bayamesaba umuntu ongavati, ongakwintshi. Kungaloko

zonke izizwe zwoMzilikazi kaMashobana ezaxotshwa nguTshaka, abeSutu bazibiza bati amaNdebele.

UMalandela wazala uNkosinkulu, owazala uMageba, owazala uPunga, owazala uNdaba, owazala uJama owazala uSenzangakona, owazala uTshaka, noDingane noMpande, owazala uyise kaDinuzulu, onguyise kaMapumuzana noNyawana.

UMalandela wazala abantwana bangakuloluya uhlangoti lwangase Ndhlunkulu amadodana azele uKondhlo, uyise kaPakatwayo owazala uMusi, uyise kaMeseni ongaseko.

Asiko nesisodwa isizwe esi amaNdebele, ngiti mina yinhlamba nje leyo efana neyamaHlubi eti abantu balel'izwe amaNteshe ingati amaNteshe kutshiwo laba bantu abadebeze ubuso nomzimba wonke – amaZotsho.

Endulo izizwe zakiti zisandukufika kuleli zisuka le kweliseNyakato petsheya kwomfula omkulu iZambezi, neKongo, imifula emikulu engawelwa ngezinyawo ukupela ngezikebhe zodwa, zazakelene zitandana zonke, kwaza kwavela uTshaka wazitshakaza zonke, walwa nezizwe ezikulu wazinqoba zakonza kuye ezinye zabaleka zaya kwamanye amazwe lasala leli laba elakwaZulu kupela wacacaza pezu kwalo lonke. UMtetwa kambe kwaku isizwe esikulu sikaDingiswayo indodana kaJobe, lapo uTshaka wondhliwa kona ekaya koninakulu, lapo kwazalwa kona unina kaNandi owazala uTshaka. Isizwe esikulu kuleyonkati, kwaku esikaZwide kaLanga inkosi enkulu yakwaNxumalo owalwa impi eyesabekayo noTshaka, ngoba uZwide wabulala uDingiswayo inkosi yakwaMtetwa ehambele kuye engalwi. Watukutela ngaloko uTshaka wamcita uZwide kaLanga inkos'enkulu yakwaNdwandwe. Bobabili oZwide noSotshangana bayazalana. Baciteka kanye bobabili bacitwa nguye uTshaka.

UDingiswayo wati uba afe ebulawa nguZwide, kwasala indodana yake uSomveli, owabaleka naye ngayo inkati leyo kusalwiwa, wabaleka esesaba yena uTshaka naye. Kwase kusala uMbiya owazala uMlandela uyise kaSokwetshata, osand'ukutshona naye.

Kunjalo ke Mhleli ukwazi kwami ngalezi zindaba. Kodwa izwi lami ngiti: Kabongwe uBaba opezulu osipe ipepa lako ukuba sibonane sazane nabakude le kangaka esasiyakuze sifike kwaGoqanyawo singazani nabo, kepa namhla siyabonana siyezwana nabo. Kungaloko ngiyambonga impela lo mnumzane wakiti uSiboto. Nami sengobheka abanye bakiti ukuba ngizwe abakwaziyo kulendaba ebuzwa nguMr. Siboto.

Yimi,

M. M. FUZE

14 William Street,
P. M. Burg.